UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG

UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

**Possible Answers March 2006**

ISIZULU ULIMI LWEBELE
IZINGA ELIPHEZULU
(IPHEPHA LESIBILI)

ISIKHATHI: 3 amahora

IMIKLOMELO: 100

## ISIGABA A

### UMBUZO 1

### IZINKONDLO

1.1 I-eleji. Ikhuluma ngokufa. (2)

1.2 1.2.1 Sekwenzekile/kufezekile. (1)

1.2.2 Noma uvelelwe okubuhlungu akufanele ulahle ithemba. (1)

1.3 Ihaba. (1)

1.4 Umoya wosizi. Imbongi iduduza umuntu oshonelwe, ithi futhi makasule nemvula yezinyembezi. Ithi angalahli ithemba ngokufelwa. (3)

1.5 Yisithandwa sembongi. (1)

1.6 Ubuhlungu / Izinhlungu. (1)

**[10]**

### UMBUZO 2

***Imvubelo*** **– A. M. Maphumulo**

2.1 2.1.1 Phezu kwakho konke. (1)

2.1.2 Ichaza ukuthi isinezingane/abantu ebakhulisile (1)

2.1.3 Ukhumbula imigwaqo, ubusika, ihlobo, izivunguvungu, iwisa lomthandazo, isizotha, nenhlonipho, amalangabi enjabulo, ugqozi, nonina (okuthathu kwalokhu) (3)

2.1.4 Wabe eyikholwa "ngikhumbul'iwisa lakho lomthandazo" (2)

2.1.5 Yindawo lapho kuwelwa khona umfula.

2.1.6 Ebengikha ngayo ngingayeki/ngingaqedi. (1)

2.1.7 Ukuxhumana-siqalo: ngikhumbul' izivunguvungu, (2)
ngikhumbul'iwisa lakho (2)

2.1.8 Umoya wokuncoma. Imbongi incoma unina. " Namhla ngingumfula ngiyaholoba" (Makuvezwe izibonelo eziningi, kodwa zibonise ukuncoma) (3)

**[15]**

**NOMA**

2.2 2.2.1 Ikhuluma ngelanga eliphuma eMpumalanga . Uma seliphumile imbongi izwa ukuthokomala kwegazi, ize ijuluke. Ilanga alibhekeki lalikhona kusukela kudala emandulo naseGibhithe. Lanqoba iqhawe leLembe okwathiwa malihashe ilanga kodwa lagcina selishonile. (5)

2.2.2 UShaka wathi kwenye yezimbongi zakhe mayibongelele ilanga lize liyoshona. Yalibongelela yalihasha kodwa yagcina isishonile ilanga lingakashoni. (3)

2.2.3 Kusekufeni. (1)

2.2.4 Isingathekiso. Sisho ukuthi wajuluka kakhulu. (3)

2.2.5 Wamuhle Nkosi yokuthula. Ufana nembali eqhakazile endle. (2)

2.2.6 Ukuba namahloni / Ukubheka phansi. (1)

**[15]**

**NOMA**

2.3 2.3.1 Lafa Silibhekile. (1)

2.3.2 Ikhuluma ngemali, ithi imbongi yinhle futhi iyacwazimula. Umuntu uma enemali uzizwa ephelele, kodwa imali ayihlali emntwini iyedlula. Kwala isiboshwe ngezingcingo zakhona kodwa ivele iphele inyamalale. (5)

2.3.3 Ukuxhumana-siqalo

<u>Uma</u> nginawe ________________
<u>Uma</u> nginawe________________
<u>Ngomzuzwana</u> kimi_____________
<u>Ngomzuzwana</u> ungasafa___________
Ukuxhumana maphakathi (2)
<u>Uma nginawe ngizizwa</u> ngiphelele
<u>Uma nginawe ngizizwa</u> ngisimeme (2)

2.3.4 Izingcingo zokubopha imali / indandatho. (2)

2.3.5 Bathembisana ukuthi bayohlukaniswa ukufa / Bayofa balahlane. (2)

2.3.6 Ukukhohliseka / Ukuthatheka yize. (1)

**[15]**

**NOMA**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 2.4 | 2.4.1 | Ngohamba ecela ukudla. | (2) |
| | 2.4.2 | Yisonethi Inemigqa eyi-14. | (2) |
| | 2.4.3 | Wangibheka ngayigazi anezinyembezi zegazi" Nkosi anginalutho ngingamsiza ngani. | (2) |
| | 2.4.4 | Isingathekiso. | (1) |
| | 2.4.5 | Nkosi anginalutho ngingamsiza ngani?<br>Uma lezi zehlo zingenxa yami,<br>Ngicela ukuvalelw' amasango ezulu, | (1)<br>(1)<br>(1) |
| 2.4 | 2.4.6 | (a) Amehlo abomvu.<br>(b) Izinwele ezingcolile ezingakanyiwe.<br>(c) Izingane. | (1)<br>(1)<br>(1) |
| | 2.4.7 | Izindebe zidebezekile.<br>Isisu ngathi siboshwe ngezintambo. | (1)<br>(1)<br>**[15]** |

**[40]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 3

3.1 Abafundi mabaxoxe kabanzi ngalokhu:

Ukujutshwa kwezintombi ukuthi ziyokwenda. UThulisile noThulile bendiswa eNkosini uMgidi uThulisile engafuni pho-ke iNkosi ayiphikiswa . Wahlala ebukhosini engajabulile futhi elokhu eqhubeka ethandana nesoka lakhe uZaba. Inyanga yazama ukumfaka intando, yehluleka ngoba uThulisile wayengakudli ukudla kwasebukhosini. Isiko lokusika ucikicane enganeni alizange lenzeke ngoba phela ingeyona ekaMgidi. Ekugcineni kwavela ukuthi uThulisile akayithandi iNkosi uthanda uZaba. **[30]**

**NOMA**

| | | |
|---|---|---|
| 3.2.1 | UThulisile. | (1) |
| 3.2.2 | Ukuze ayohlala nesoka lakhe uZaba asuke ebukhosini ngoba akayithandi iNkosi uMgidi. | (2) |
| 3.2.3 | Impelesi kaThulile iwele likaThulisile. | (1) |
| 3.2.4 | Yimpelesi kaThulisile, kufanele abheke yonke into eyenziwa nguThulisile. Uma enza okungafanele abikele inkosi. Kwakufanele ahambise nemiyalezo kaThulisile enkosini. Ngakho-ke ungumxhumanisi phakathi kwalaba ababili. | (2) |

3.2.5 Ukuyogana inkosi / ukuya ebukhosini / ukuyoba undlunkulu. (2)

3.2.6 (a) Wayengakudli ukudla kwasebukhosini. (1)

(b) Wayeqhubeka nokubonana no Zaba waze wakhulelwa. (1)

(c) Wayengafuni iNkosi futhi engafihli lokho, ekhuluma noma kanjani ngenkosi. (1)

3.2.7 (Imibono izokwehluka) Yebo wayefanele phela inkosi ayiphikiswa./Cha wayengafanele, phela wayezophazamisa uThulisile ebukhosini. (2)

3.2.8 UZaba indodana yakhe uthandana no Thulisile osengundlunkulu. Lokho kwenza ukuba uNdlunkulu uThulisile aze akhulelwe akhuleliswe uZaba. (2)
**[15]**

3.2.9 Unina uThulisile wayenenkani./ yishinga elashinga lapho kungashingwa khona uThulisile (2)

3.2.10 USonkanise akayona indodana yenkosi njengoba inkosi icabanga. (2)

3.2.11 Cha akaphumelelanga. Phela uThulisile wayengakudli ukudla kwasebukhosini. (2)

3.2.12 Cha, phela umfanyana ivezandlebe, kwenziwa isiko angalazi kuye (imibono izokwahluka). Yebo phela wayazi ukuthi umfanyana ingane yakhe engazi ukuthi yivezandlebe. (3)

3.2.13 Wayezonqunywa ucikicane. (2)

3.2.14 Cha aliphumelelanga, isandla sashibilika saqhela kancane wageja u-Mzwezwe. (3)

3.2.15 UMgidi. (1)
**[15]**

**[30]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 4

4.1 UVika Kubheka:

Abafundi mabaxoxe kabanzi ngalezi zigameko ezilandelayo:

(i) UVika wabulala uZikode ngoba ezivikela. Wayocela isidumbu emoshali ukudukisa umkhondo ukuze azivikele. Ngenkathi esejele wafunda ukugunda izinwele nokubeka isitini enzela ukuthi uma ephuma ejele akwazi ukuziphilisa. Ngenkathi amaqola efuna imvalamlomo kuZethu noDuduzile wafuna ummeli okhaliphile kakhulu ukuze azivikele yena nomndeni wakhe. **[10]**

(ii) UMAGWEGWE:

Zonke izinto azenzayo aziqondile zinamagwegwe. Wavulela uKubheka emoshali ngesikhathi esingekho emthethweni ngoba emnikeze imali. Wamboleka nesidumbu sikaZikode. Wayebhalela uZethu noDuduzile efuna imvalamlomo. Wesabisa uThokozile mayelana nemali eyayitholwe nguThokozile . Wabulala uMhlobo ngesibhamu sikaKubheka. Wazama ukubaleka enkantolo ngenkathi athi uNgubane abamkhuthuze babheke imali ayeyithathe esikhwameni sikaZethu eNcadu Dam. **[10]**

(iii) UJIKELEZA

UJikeleza wayejikeleza ngenkathi ebuzwa imibuzo enkantolo. Wathi uma ebuzwa ukuthi izinkungu zadamuka nini, waqale wajikeleza wathi azizange zidamuke, ngokubona uMenzi ecasuka wase ephendula ethi zadamuka emini osukwini olulandela lolo. Isikebhe wathi akaphindanga wasibona wabuye wajika wathi wasibona ntambama besilethile.Eminye imibuzo wayeyiphendula ngokuthi akasakhumbuli kahle, kodwa into efana naleyo athi akanalo iqiniso. Wathi wayengeke asibone kahle isithombe ngaphandle kwezibuko, kodwa wakwazi ukusibona ngoba wayazi ukuthi ngesikabani. Izithombe ezimbili ezingafani wathi ziyefana. (Ziningi izibonelo ezinye ezingavezwa) **[10]**

**[30]**

**NOMA**

4.2.1 Wabe engunogada wasedamini iNcadu. (1)

4.2.2 Umlingiswa wabe engunogada edamini iNcadu, lapho kwatholakala khona isikebhe esinesidumbu sikaMhlobo okwakusoleka ukuthi ubulawe nguZethu ngoba phela kwatholakala kuso isibhamu sikaVika ongumyeni kaZethu. (3)

| | | |
|---|---|---|
| 4.2.3 | Wabe engumuntu osegugile futhi wabe engazifakile izibuko zakhe. | (2) |
| 4.2.4 | NguNgovolo Nsibande. | (2) |
| 4.2.5 | Base bengasathembani noMagwegwe mayelana nemali yemvalamlomo. | (1) |
| 4.2.6 | Ngummeli kaHulumeni. | (1) |
| 4.2.7 | ENcadu Village. | (1) |
| 4.2.8 | Wadutshulwa ezimbanjeni inhlamvu yadabula inhliziyo yaze yavinjwa umgogodla. | (2) |
| 4.2.9 | NgesikaVika Kubheka-38 ivolovolo. | (2) |
| | | **[15]** |
| 4.2.10 | Basendleleni eya eNcadu Dam. | (2) |
| 4.2.11 | Babeyolanda isibhamu kanye nesikhwama sikaZethu. Babezobheka nesidumbu sikaMhlobo okusoleka ukuthi ubulewe nguZethu. | (3) |
| 4.2.12 | Kwakufanele abikele amaphoyisa ngalolu daba abuye azise noNgubane. | (2) |
| 4.2.13 | Esifubeni. | (1) |
| 4.2.14 | Ngunobhala kaNgubane. | (1) |
| 4.2.15 | Wayefuna ukubona ukuthi udutshulwe kuphi. | (2) |
| 4.2.16 | Isikhwama nesibhamu. | (2) |
| 4.2.17 | NguMagwegwe. Wambophela empompini kaphethiloli wase emdubula. | (2) |
| | | **[15]** |
| | | **[30]** |
| | | **100** |